TRUTH CENTERED TRANSFORMAITON

MODULE 1



ISINGENISO SENKONZO EPHELELEYO

UMHLAMHLANDLELA WOMFUNDI

Reconciled World

Isifundo 2: Senziwe Ngomfanekiso kaNkulunkulu

Funda uGenesesi 1:26-27

- Ingabe abantu bahluke kanjani kwi-ndalo? Yini uNkulunkulu ayisebenzisile njengesibonelo sakhe kubantu?

- Eziphi ezinye zezici ezikaNkulunkulu ezitholakala emntwini? Veza ngokwanele.

Funda Amahubo 139:13-16

- Lelivesi isitshela ngani ekubalulekeni kwabantu?

- Ucabanga ukuthi lelivesi lisebenza kwabanye abantu noma bonke abantu?

Igxoxo yeqembu elincane:

- Abaphi abantu ikakhulu ababukelwa phansi?

- Eziphi ezinye izindlela esingabonisa umuntu ukuthi ubalulekile kuNkulunkulu?

Isifundo 4: Luka 2:52 Ishadi

Umongo	Izindawo zokukhula kukaJesu			
Ukukhula	**Ukuhlakanipha**	**Umzimba**	**Emoyeni**	**Inhlalo**
Umina				
Umndeni				
Isonto				
Umphakathi				

Isifundo 5: Izindlela zokusiza Ishadi

Isimo	Izindlela Isonto elingasiza ngazo
Indlala	
Ukoma	
ubunqunu	
ukuswela indawo yokuhlala	
Ukugula	
Ejele	

Isifundo 6: uMfundisi Wong

Kuke kwaba khona umfundisi weSonto elincane endaweni eyayiMpofu, imikhukhu yedolabha elikhulu. Igama lakhe kwakungu Wong. uWong wayesanda kufika kuloMphakathi ngokuba wayezizwa ethunywe nguNkulunkulu. Ibandla belilincane—abantu abangamashumi amane. Iningi bokungabesifazane nabantwana. uWong ube nemisebenzi emibili. Wenza kangcono ukunakekela umhlambi wakhe omncane, futhi esebenza komunye umsebenzi ukuthi ondle unkosikazi wakhe nabantwana ababili abancane.
Ngolunye usuku, njengenjwayelo, beka vuka ngehora phambi kokusa ukuze abe nethuba lakhe noNkulunkulu. Uzovuka, agqoke, bese ayanyenya edlula ikhethinisi ebelihlukanisa indlu yokuhlala egukota we-gumbi elilodwa lomuzi wakhe endaweni lapho kulala unkosikazi nabantwana. Uzokhanyisa ilambu likaphalafini. Aqale afunde ibhayibheli lakhe. Ngokusa okuthile, bekafunda kuIsaya, isahluko 58, wayezwa isikhalo sikaNkulunkulu ngohlobo lokukhonza akufunayo:

Akusikho lokhu kuzila engikukhethileyo yini: ukuthukulula izibopho zobubi nokuxegisa imichilo yejoka, ukukhulula abacindezelweyo nokuphula onke amajoka? Akusikho ukwabela abalambileyo isinkwa sakho, nokuyisa abampofu nemihambima ekhaya lakho,—nokwembesa ohamba ze, nokungasithezi kwaba yinyama yakho na?

uWong akakwazanga ukuqhubeka. Inhliziyo ilwa nengqondo. Uma uNkulunkulu ekhathalela abampofu, kungani uWong ezithola ephakathi kobumpofu nenhlupheko ephule inhliziyo yakhe? Bekazi ubunzima bomphakath ukuthi baphile. Bebacindezeleki ngempela. uWong naye bekengenakho okwanele ukondla umndeni wakhe kaningi bekangakhoni ukuthenga imithi abayidingayo . Ecabanga, “Uphi uNkulunkulu? Lombhalo ungangenelela kanjani kuzidingo zomphakathi?

Esebunzimeni ngalemicabango, kwabakhona ongqongqozela phansi emnyango. “Kungaba ubani loyo, ekuseni kangaka?” uWong ecabanga. Waya emnyango. “Ngubani?” Iphimbo ngaphandle lathi, “NginguJesu, Wong.” “Ubani?” Wabuza uWong. “NginguJesu, Wong,” izwi laphendula. “Ungubani ngempela?” wabuza uWong. Izwi laphendula, “Wong, NginguJesu. Ngizile ngoba ngizwile ukukhala kwenhliziyo yakho. Ngifuna ungibonise ukuthi uhlushwa yini.”

Izwi lazwakala liqinisekile. uWong ngokucophelela wakhulula umshudo wavula umnyango. BokusesemnyamauWong bekebona uhlangothi olulodwa lobuso, bekubukeka ngendlela bekacabange isimo sikaJesu ngaso. “NgenaNkosi,” washo uWong. “Cha, Wong Ngifuna ungihambise emphakathini ungibonise lokhu okuphula inhliziyo yakho.” Esamangele, uWong wavuma, qaphela, “kuzofanela sihambe ngokucophelela—belina kakhulu, kugcwelwe udoti, futhi asinazo izindlu zangasese.”

Besahamba phakathi kwemigwaqo yomphakathi, uWong watshela uJesu ngemizi abayidlulile. Kuloya muzi bokuhlala owesifazane obekadayisa ngomzimba ukuthi ondle abantwana bathe. Kulomkhukhu olandelayo bekunendoda ephuzayo ebeyishaya unkosikazi wayo nabantwana uma idakiwe izikhathi

eziningi. Laphayana bokuwumuzi womongameli womphakathi, indoda eyonakele ebeyithatha izimali ethembisa ukutholela umphakathi ugesi—wayiphuza wagembula ngayo yonke.

Badlula isiganga esimaphakathi emphakathini . Bokufanele kube izitolo zomphakathi, kodwa igcwele udoti onuka kabi negudla amagundane. “Uyawubona lowaMuzi?” ebuza uWong, ekhomba umkhukhu osemaphethelweni entaba. “Owesifazane uhlala nezingane ezine. Uphahla luyavuza—kabi. Bayahlupheka kakhulu. Banukuncane kokudla nokugqoka, futhi bahlala begula.” Kumanje laba ababili basekupheleni kwentaba lapho lomphakathi owakhelwe khona. uWong wakhomba ekudeni. “Laphaya phansi—kulapho owesifazane nabantwana behamba khona ukuyothola amanzi. Akunamanzi kulendawo

uWong esathi ujika ngekhona, kepha wezwa ukukhalela phansi. Wabheka ngalapho ukukhala kuvela ngakhona. BekunguJesu—uJesu ube khala! uWong wayesebona ukuthi izinto ebeziphula inhliziyo yakhe noJesu beziphula inhliziyo yakhe. uWong waqala ukukhuluma, kodwa uJesu wavula izandla zakhe wamanga uWong, wambuka, wayesethi, “Wong, Ngifuna ukukubonisa izinjongo zami ngomphathi okuwo.”

Masinya, uWong uzithola ebuka ezansi komphakathi. uJesu waqala ukukhuluma uWong wayesebona izinto uJesu bekazichaza ngakhona—bezenzakala! uJesu wakhuluma ngabantu ebandleni likaWong—yize bebempofu—bebabelana nomakhelwane abampofana . Imihla-ngemihla, bebeka irayisi elincane emakanini . Makuphela iviki, omunye nomunye bekane kani eligcwele irayisi ebebeliletha ebandleni ukuzokwabelana, egameni likaJesu, kanye nabantu bomphakathi obowuswele kunabo. Bebenza njalo nange nsipho. Izintokazi zasebandleni bezivakashela abafelokazi emphakathini bazikhethela ukubanakekela-bebasiza ngokuwasha, ukupheka, futhi benakekela nezingane uma zigula.

uJesu wakhuluma ngemisebenzi, uWong wayesebona ukuthi abantu banemisebenzi. Hhayi imisebenzi ebhadala kakhulu, kepha imisebenzi enika isithunzi nebhadala ngokwanele ukuhlangabeza izidingo ezibalulekile. uJesu wakhuluma ngemizi, uWong wabona imikhukhu ebeyifaka amakhaza nemvula iphenduka izindlu . Hhayi imizi emihle, kepha imizi ebeyiphephile nehlanzekile. uJesu wakhuluma ngamanzi, masinyane bekunamapayipi amile ezindaweni ezihlelekile lapho abesimame nabantwana bebethola amanzi ahlanzekile. uJesu wakhuluma ngenhlanzeko, uWong wayeseboina ukuthi zikhona izindlu zangesese—hhayi elilodwa umuzi ngamunye, kodwa anele ukuze wonke umuntu afinyelele kuyo. Kanye nenqwba kadoti ebeyisemaphathini omphakathi beyisusiwe. Kunalokho, bokunezihlahla ezincane, kukhona izingane zihleka futhi zidlala, zikhahlela ibhola. uJesu wakhuluma ngezimpilo eziguqukayo, uWong wayesebona owesifazane obekadayisa ngomzimba wakhe manje esenakekela izingane ngomsebenzi ohloniphekile . Isidakwa siphenduke indoda enothando noBaba. Umongameli ubengasasebenzisi izimali ngokungathembakali kepha bekasiza umphakathi ngokwangempela.
Wayesethi uJesu, “Wong, bheka ibandla!”u Wong wabheka. Beligcwele. Bokunamadoda lapho! Abantu bebejabulile. Bebadumisa uNkulunkulu ngobuhle bakhe. Nanguya uWong, eshumayela, efundisa, futhi ehola abantu bakhe emoyeni nakuzenzo zokulalela uthando. uJesu wachaza, “Wong, lombono uyinhloso yami ngomphakathi wakho. Ngifuna wabelane gnomon futhi uqale uhole abantu kuwona.”

uWong waqala wala, “Kepha, Nkosi, siyahlupheka!” “Wong,” wabuzela phansi uJesu, “Ubani ohole abantwana bakwa-Isirayeli ngale kolwandle olubomvu? Ngubani owandise izinkwa nenhlanzi wondla izinkulungwane ezinhlanu zamadoda kanye nabesifazane nabantwana? Ngubani owandisa amafutha nofulawa womfelokazi wase Zerofati ukuze kube nokwanele ukondla umndeni wakhe iminyaka emithathu yendlala? Ngubani owathulisa ulwandle lwaseGalile?” “Nguwe, Nkosi,” washo uWong. “Ngakho-ke, Wong, lalela kulokhu engicele ukuthi ukwenze. Yabelana ngalokho onakho, nanoma kukuncane. Memezela inhloso yami enhle ebantwini
—kokubili emoyeni nasenyameni. Futhi ngizophilisa umhlaba wakho!”

uWong wezwa iqhude likikiza. Unkosikazi wakhe wakhwehlela eqgolozele ngale kwekhethini. Bekahlezi etafuleni, kodwa isibani sakhe besicimile. Besekuqala ukukhanya. uWong waqalaza emaceleni efuna uJesu kodwa akambonanga. Wamangala, “Bengiphupha? bokuwumbono?” Bekangazi, kodwa uWong bekazi ukuthi uJesu bekahlangene naye futhi nokuthi bekanokuqonda okusha ngokukhathazeka kukaNkulunkulu ngabampofu…futhi nombono omusha wokuthi angahola kanjani abantu bakhe ukuthi baveze uthando lukaNkulunkulu emphakathini akuwo..

- Eziphi ezinye zezinkinga ezitholakala kumphakathi kaMfundisi Wong ? Yahlukanisa lezinkinga uhlu olune: emoyeni, kwinhlalo, enyameni, futhi ngokwengqondo.

- Iyini inhloso kaNkulunkulu ngalo mphakathi? Hlola zonke izinkinga ubheke lokho uJesu akuveza njengesixazululo.

- uJesu umtsheleni uMfundisi Wong ukuthi ayenze?

Isifundo 6: Ucwaningo Lwesigameko sikaJose no Maria

uJose noMaria umuzi wabo usanda kuqedwa ngumlilo; akukho nokukodwa okuye kwasala. Izolo, bona—nabantwana babo abahlanu—bahlala nezihlobo. Noma-kunjalo, kunabantu abayishumi kumanje abahlala kuwo lomuzi omncane, ngalokho ayikho indawo yabanye abayisikhombisa. uJose ungumlimi, futhi useqedile ukutshala insimu yakhe encane, kodwa kusese nezinye izinyanga ezintathu ngaphambi kokuthi avune. Usebenzise yonke imali bekanayo ngembewu yensimu yakhe futhi konke abenakho kwashiswa umlilo.

Eziphi ezinye zezidingo zalomndeni?

Eziphi zezinye izinto ezikhona emphakathini ukusiza?

- Abantu

- Izinto zokusebenza

- Izakhiwo